


**NguMongameli
uDieter F. Uchtdorf**

UMeluleki Wesibili KubuMongameli
BokuQala



Yini elandelayo emva kothando?

Umphrofethi wethu esimthandayo, uMongameli uThomas S. Monson, usifundise ukuthi “uthando liwumsuka wevangeli”¹

Uthando lubaluleke kangangoba uJesu walubiza ngo “myalelo omkhulu nowokuqala” futhi wathi noma yiluphi olunye uhlamvana lomthetho namazwi abaphrofethi kuba mbelele kulowo myalelo.²

Uthando luyisizathu esisemqoka nakho konke esikwenzayo kuleliBandla. Zonke izinhlelo, yonke imihlangano, nakho konke esikwenzayo njengabafundi bakaJesu Kristu kufanele kusuke othandweni—ngoba ngaphandle kwesihle, “uthando olumsulwa lukaKristu,” asilutho.³

Uma sesikuqonda kahle lokhu, uma sesikushilo ukuthi siyamthanda uNkulunkulu nabantu esiphila nabo—yini-ke elandelayo?

Ngabe kwanele yini ukuba nozwelo nokubathanda abanye na? Ngabe kuyasifeza yini isibopho sethu kuNkulunkulu ukusho ukuthi siyamthanda uNkulunkulu nomakhelwane wethu na?

UmFanekiso WamaDodana AmaBili

Ethempelini eliseJerusalema, abaphristi abakhulu namagosa amaJuda eza kuJesu efuna ukuzomhila ngamazwi Akhe. Kodwa uMsindisi waguqula amatafula ngokubatshelela indaba.

Wathi, “Indoda ethile yayinamadodana amabili.” Yaya kweyokuqala yayicela ukuthi iyosebenza esivini. Kodwa indodana yenqaba. Kamuva leyondodana “yaguquka, yaya.”

Indoda yabe isiya kweyesibili indodana yayicela nayo ukuthi iyosebenza esivini. Eyesibili indodana yamethem-bisa uyise ukuthi yayizoya, kodwa ayiyanga.

UMsindisi wabe esethi kubaphristi namagosa, “Iyiphikulawa amabili eyenza intando kayise na?”

Kwakufanele bavume ukuthi kwakungeyokuqala—leyo eyenqaba kodwa kamuva yaphenduka yaya kosebenza esivini.⁴

UMsindisi wasebenzisa lendaba ukugcizelela umgomo obalulekile—yilabo abahlonipha imiyalelo abamthanda ngempela uNkulunkulu.

Mhlawumbe yingakho uJesu abacela abantu ukuthi bakulalele futhi bakugcine okwakushiwo abaFarisi nababhali kodwa bangenzi njengabo.⁵ Labafundisi babengenzi njengokukhuluma kwabo. Babethanda ukukhuluma ngenkolo, kepha okudabukisayo wukuthi babelahlekelwe wubunjalo bayo.

Izenzo nokuSindiswa Kwethu

Kwesinye sezifundo zokugcina zikaMsindisi kubafundi Bakhe, wakhuluma kubo ngokwaHlulelwa kokugcina. Ababi nabalungileyo bayokwahlukaniswa. Abalungileyo bayozuza ukuphila okuphakade njengefa; ababi bayoyiswa esijeziweni saphakade.

Ngabe kwakuyimuphi umehluko phakathi kwalamaqembu amabili na?

Labo abakhombisa uthando lwabo ngezenzo basindiswa. Labo abangakwenzanga lokhu batholwa benecala.⁶ Ukuguqukela evangelini likaJesu Kristu ngempela kuzobonakala ngezenzo zethu ezimpilweni zethu zansuku zonke.

Ekgucineni, ukusho nje ukuthi siyamthanda uNkulunkulu nalabo esiphila nabo ngeke kwasenza sifanelwe wukuphakanyiswa. Ngokuba, njengoba uJesu asifundisa,

“akusibo bonke abathi kimi, Nkosi, Nkosi, abayongena embusweni wezulu; kepha kuphela lowo owenza intando kaBaba osezulwini.”⁷

Ngabe Yini Elandelayo Emva Kothando?

Impendulo embuzweni othi “Ngabe yini elandelayo emva kothando?” ilula futhi iqondile. Uma simthanda nge-mpela uMsindisi, sisondeza izinhliziyi zethu Kuye bese emva kwalokho sihamba endleleni yobufundi. Uma simthanda uNkulunkulu, sizama ukuyigcina imiyalelo Yakhe.⁸

Uma sibathanda ngempela abantu esiphila nabo, silula izandla zethu ukusiza “abampofu nabantulayo, abagulayo nabasosizini.”⁹ Ngokuba labo abenza lezi zenzo zokuzidela zozwelo nokusiza abanye,¹⁰ yibo kanye abangabafundi baJesu Kristu.

Yikho-ke lokhu okulandela uthando.

Yikho-ke lokhu okuyivangeli likaJesu Kristu.

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO

1. “Love—the Essence of the Gospel,” nguThomas S. Monson, *Liyahona*, Meyi 2014, 91.
2. Bheka ku Mathewu 22:36–40.
3. Bheka ku Moroni 7:46–47.
4. Bheka ku Mathewu 21:28–32.
5. Bheka ku Mathewu 23:3.
6. Bheka ku Mathewu 25:31–46.
7. Bheka kuMathewu 7:21.
8. Bheka ku Johane 14:15.
9. BhekaIMfundiso neziVumelwano 52:40.
10. Bheka ku Mosiya 18:8–9

IMFUNDISO EVELA KULOMYALEZO

UMongameli u-Uchtdorf uthi abafundi bangempela baJesu Kristu yilabo abakhombisa ukumthanda ngezenzo zabo. Usifundisa ukuthi “uma simthanda ngempela uMsindisi, sisondeza izinhliziyi zethu Kuye bese emva kwalokho sihamba endleleni yobufundi.” Ake ucabange ngokubabuza labo obafundisayo ukuthi uthando lubakhuthaza ukuthi benzeni ukuze bahambe endleleni yobufundi. Ungabatshela ngalokho nawe osukwenzile nosukubonile empilweni yakho. Cabanga ngokubacela ukuthi bakhulekele isihe namandla okwenza izenzo zothando.

© 2016 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Igaywe eMelika Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zikhishwe: 6/16. Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zihunyushwe: 6/16. Ukuhunyushwa ko *First Presidency Message*, September 2016. Zulu. 12869 783

INTSHA

UkuGcina ImiYalelo nokuThanda ABanye

Uma sicabanga ngothando, into yokuqala evame ukufika ezingqondweni zethu yilokho esikubona emabhayisikobho ngothando, ushokolethi kanye nezimbali. Kodwa uthando—*uthando* lweqiniso—lujule kakhulu kunalezo zinto. UJesu Kristu waphilela thina futhi wasifela ngenxa yokusithanda. Empeleni, imiyalelo emibili emikhulu wukuthanda uNkulunkulu nokuthanda bonke abanye (bheka ku Mathewu 22:36–40). *Singabakhombisa kanjani* abanye ukuthi siyabathanda na?

UMongameli u-Uchtdorf ukhuluma ngomfanekiso kaKristu wamadodana amabili, eyodwa emsebenzelayo uyise nanye engakwenzi lokho. UMsindisi ucacisa ukuthi indodana emthanda ngempela uyise yileyo emhloniphayo. Ngokufanayo-ke, uma nathi sihlonipha imiyalelo kaNkulunkulu, siyamkhombisa ukuthi siyamthanda futhi sifuna ukubuyela Kuye.

Abanye-ke bona sibakhombisa kanjani ukuthi siyabathanda na? UMongameli u-Uchtdorf uyakucacisa nalokho uthi: “Uma sibathanda ngempela abantu esiphila nabo, silula izandla zethu ukusiza ‘abampofu nabantulayo, abagulayo nabasosizini.’ Ngokuba labo abenza lezi zenzo zokuzidela zozwelo nokusiza abanye, yibo kanye abangabafundi baJesu Kristu.”

Ngakho-ke ngokuzayo uma ubona umzali wakho, ozalwa naye endlini, noma umngani wakho, cabanga ngokuthi ungabenzelani ukubakhombisa ukuthi uyabathanda. Lokho akuzukujabulisa nina kuphela, kodwa kuzomjabulisa noYihlo oseZulwini.

ABANTWANA

UkuKhombisa uThando

UJesu wakhuluma ngendaba kababa namadodana akhe amabili. Ubaba wayesebenza esivinini futhi wacela amadodana akhe amabili ukuthi amsize. Eyokuqala yenqaba kodwa kamuva yeza yazolekelela esivinini. Eyesibili yathi izomsiza nayo kodwa ayizange. UJesu wafundisa ukuthi indodana yokuqala yakhombisa ukumthanda uyise ngokumhlonipha.

Yenze umdlalo lendaba! Emva kwalokho bese ubhala noma udwebe izinto ezintathu ongazenza ukukhombisa ukumthanda uBaba oseZulwini.



Ukuba Ngumzali Kungumsebenzi Ongcwele

Ngomkhuleko funda lemibhalo ngenhloso yokufuna ukwazi ngalokho ongakhuluma ngakho. Ukuqonda “Umndeni: Isimemezelo soMhlaba Wonke” kungalukhulisa kanjani ukhohlo lwakho kuNkulunkulu futhi kubusise labo obaqaphile ngokubafundisa ngokubavakashela na? Ukuze uthole olunye ulwazi, vakashela ku reliefsociety.lds.org.

Ukhohlo, Umndeni, Usizo

U**B**aba wethu oseZulwini wenza imindeni ngenhloso yokusisiza ukuthi sifundise imigomo elungile lapho kukhona khona uthando. UMongameli uThomas S. Monson wathi “Yihalalisele futhi uyigone ingane yakho; uvame ukuthi ‘ngiyakuthanda’; khombisa njalo ukubonga. Ungayivumeli inkinga okufanele ixazululwe kube yiyo ebalulekile kunomuntu okufanelwe akhonjiswe uthando.”¹

USusan W. Tanner, owayengu-Mongameli wamaNtombazane eBandleni lonke, wasifundisa wathi: “UBaba wethu oseZulwini usikhombisa isibonelo okufanele sisilande. Uyasithanda, uyasifundisa, uyasibekezelela, futhi ubeke kithi ilungelo lokuzikhethela. . . . Kwesinye isikhathi siyadideka phakathi kokujwayeza umthetho, nokusola. Ukujwayeza umthetho kusho ‘ukufundisa’. Abantwana—ngokunjalo nabadala—baziphatha kangcono uma bekhuthazwa futhi bekhonjiswa uthando kunokusolwa.”²

Uma ngokuthembeka sihlezi sithandaza ndawonye njengomndeni, sifunda imibhalo engcwele, sihlalanga njalo ngobusuku

bomndeni, futhi sigcina usuku lwe-Sabatha, ‘kusho iGosa uQuentin L. Cook woMgwamanda wabaPhostoli abayiShumi-naMbili,’ abantwana bethu bayohlezi bekulungele ukuya ekhaya laphakade elisezulwini, noma ngabe behlelwa yini kulomhlaba ogcwele ubunzima.”³

Eminye imibhalo eNgcwele Eyengeziwe

1 Nefi 8:37; 3 Nefi 22:13; IMfundiso neziVumelwano 93:40; 121:41

Izindaba Zabantu Abaphilayo

“Ngangifunda iphephandaba ngesikhathi omunye wabazukulu bami ekotela kimi,” kusho iGosa uRobert D. Hales woMgwamanda wabaPhostoli abayiShumi-naMbili. “Ngesikhathi ngisafunda, ngajabula kakhulu ukuzwa izwi lakhe eliminandi liqeketha ngemuva. Cabanga nje ukuthi ngethuka kanjani ngesikhathi ngimbona esephisheleka phakathi kwami nephepha. Ethatha ubuso bami ngezandla zakhe ecindezela nekhala lakhe kwelami, wabuza wathi, ‘Mkhulu! Uphakathi lapho yini?’

“Ukuba *lapho* kusho ukuziqonda

izinhliziyi zabantwana bethu futhi kusho nokuxhumana nabo. Futhi ukuxhumana nabo akusho nje ukuxoxa nabo kodwa kusho futhi nokwenza izinto nabo. . . .

“Kufanele siwahlelele futhi siwasebenzise amathuba okufundisa. . . .

“. . . Uma ngiqhubeka nokuphila, ngiya ngokubona ukuthi izikhathi engafunda ngazo ebusheni bami, ikakhulu lezo mhla ngifundiswa ngabazali bami, zingenze ngaba yilokhu engiyikho namhlanje.”⁴

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO

1. Thomas S. Monson, “Love at Home—Counsel from Our Prophet,” *Liahona*, ngo-Agasti 2011, 4.
2. Susan W. Tanner, “Did I Tell You . . . ?” *Liahona*, Meyi 2003, 74.
3. Quentin L. Cook, “The Lord Is My Light,” *Liahona*, Meyi 2015, 64.
4. Robert D. Hales, “Our Duty to God: The Mission of Parents and Leaders to the Rising Generation,” *Liahona*, ngo-Meyi 2010, 96, 95.

Ake Ucabange Ngalokhu

Kungani ungalifundisa kangcono ivangeli ngesibomelo sothando?